**Isibophezelo Sabafundi Abenza Iziqu Zokuqala (Undergraduate)**
**Uphiko Lwamasayensi Ezokwelapha Nezempilo**
**ENyuvesi yase-Stellenbosch**

Njengoba ngiqalisa ukuqeqeshwa kwami oPhikweni Lwamasayensi Ezokwelapha Nezempilo eNyuvesi yase-Stellenbosch, ngiyazibophezela ukuthi ngizosebenza ngokuzikhandla ukuze ngikhule ngibe yisisebenzi sezempilo esiyihloniphayo impilo; esizinakekelayo; esixhumana futhi sisebenzisane nabanye abantu ngokuzithoba, ngobuqotho, ngobubele nozwelo.

Mina ngizozazisa ngalokho engiyikona kanye nalokho engingaba yikona, ngendlela efanayo naleyo engibazisa ngayo abanye ngalokho abayikona kanye nalokho abangaba yikona.

Ngizoyigxeka futhi ngiyiphikise imibono nezenzo eziletha uqhekeko, futhi ngaso sonke isikhathi ngizogqugquzela ukubandakanywa komuntu wonke, ukungachemi kanye nobulungiswa.

Kulo mkhakha wamasayensi ezempilo oguquka ngokushesha, ngiyohlala njalo ngingumfundi olangazelela ulwazi olusha futhi osebenza ngobuhlakani ngenhloso yokuqhamuka nezindlela zokusebenza eziphuma phambili; ngihloniphe imibono nemiqondo ehlukahlukene emhlabeni, nezimo, nezixazululo ezithathwa yiziguli nemiphakathi njengezibaluleke kakhulu.

Ngizosebenzisana nabafundi abavela kweminye imikhakha yomsebenzi wezempilo, njengabalingani bami, ekugqugquzeleni ukuhlinzekwa kosizo lwezempilo ngobunyoninco, nomsebenzi osezingeni eliphezulu.

Ngiyazibophezela ukuthi ngizoba yisisebenzi sezempilo esizabalazela ukuletha uguquko; ngisebenzisane kahle nabanye ngenhloso yokuletha imiphumela emihle esimweni esifundela ngaphansi kwaso, futhi ngenze ngcono nosizo lwezempilo nokunakekelwa kulabo bantu esibahlinzeka ngosizo.

Okokugcina, ngiyasamukela isibopho sami sokwakha ingomuso elisimeme futhi eliqhakazile kithina sonke – ngokusebenzisa izinsiza ngokucophelela, ngobuchule nangobuhlakani.

Lesi sibophezelo ngisenza ngokukhululeka, ngentando yami futhi ngobuqotho.